



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

2015

IMEMORANDAMU

AMAMAKI: 80

Le memorandamu inamakhasi ayi-6.

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

INDLELA YOKUMAKA:

1. Ngenxa yokuthi sigxila emqondweni wempendulo; ukungabhaleki kahle kwamagama namaphutha olimi sikushaya indiva/asikunaki ngaphandle uma kuthinta umqondo wempendulo yonke. Amaphutha kumele omakayo awatshengise ngezimpawu ezisetshenziswayo uma kunamaphutha.
2. Uma umfundi esebenzise amagama angekho olimini ahlolwa ngalo, lawo magama ngeke anakwe uma ngabe impendulo ayibhalile inomqondo ophelele. Uma kunegama elithathelwe kolunye ulimi embhalweni onikeziwe noma kudingeka ukuthi impendulo inike lona lokho kuyovumeleka.
3. Imibuzo edinga izimpendulo ezinjengo YEBO/CHA/ANGIVUMI/NGIYAVUMA azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo ethola amamaki.
4. Imibuzo edinga izimpendulo ezinjengo IQINISO/AKUSILO IQINISO/UMBONO/IQINISO azinikwa amamaki kodwa indlela umfundi asekela ngayo ethola amamaki.
5. Uma impendulo iyigama elilodwa kodwa umfundi abhale umusho wonke; umfundi uthola amamaki uma edwebele impendulo noma eyikhombise ngandlela thize.
6. Uma impendulo idinga amaphuzu amabili/amathathu kodwa umfundi wabhala angaphezulu kwalokho kumakwa amaphuzu amabili/amathathu okuqala okunye kungabe kusanakwa.
7. Umfundi uyanikwa amamaki uma esebenzise ulimi lwesigodi empendlweni yakhe.
8. Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwazinikiwe; uyawathola amamaki uma ebhale impendulo ephelele kanje:
A. UThoko/A (okuwuhlamvu oluphelele)

UMBUZO 1

1.1

- | | | |
|-------|--|-----|
| 1.1.1 | SaseMpumalanga. | (1) |
| 1.1.2 | Inkosi yabona ukuthi kuzovuleka amathuba emisebenzi kubantu bendawo. | (1) |
| 1.1.3 | Bathokoza | (1) |
| 1.1.4 | B/Izinyanga ezintathu. | (1) |
| 1.1.5 | Ngumzukululu/Zavela. | (1) |

- 1.1.6 Yayifuna ukubachazela ngesicelo sabakwaMayibuye Constructions. (1)
- 1.1.7 Okubili kwalokhu:
Izinkamba
Ubuhlalu
Izinkezo
Amacansi
Izithebe
(nokunye okuhambisana nezinto zokuhlobisa zesiNtu) (2)
- 1.1.8 Ukuvumelana
Ukwamukelana
Ukusebenzisana
Ukubonga (2)
- 1.1.9 Abantu abasha bayakwazi ukumelana nokusebenza amahora amaningi futhi bayakwazi nokukhuluma isiNgisi. (2)
- 1.1.10 (a) Ulunge kakhulu/unomoya omuhle/unehliziyo enhle. (2)
- (b) Ukuqeda ukulamba/indlala/ukungasweli lutho/ukuvimba ukuhlupheka nokunye okuhambisana nakho. (2)
- (c) Ukubabaza ungaqedi ngesimo esithile/ngendawo/ukuchazeka. (2)
- 1.1.11 Wakwazi ukuxhumana nabantu abasemikhakheni eyehlukene, lokhu kwamenza wakwazi ukuthola ulwazi olwasiza abantu ukuqala amabhizinisi. (2)
- 1.1.12 (Okubili kwalokhu)
Iqiniso.
Abantu bathola imisebenzi bakwazi ukuziphilisa.
Baqala amabhizinisi abo.
Kwaba namaqembu emiculo nasinayo. (2)
- 1.1.13 Izimpendulo ziyokwehluka:
Isibonelo:
Yingoba abantu baseSaluthi babehlupheka kodwa emva kwesikhathi bakwazi ukuthuthuka.
(nezinye ezinembayo) (2)
- 1.2
- 1.2.1 Izindaba. (1)
- 1.2.2 Zithi kuphelile ngabangawakhokheli amalayisensi e-TV. (1)
- 1.2.3 Hhayi bo! (2)
- 1.2.4 Yathatha imali kagogo yokukhokhela ilayisensi ye-TV yenza ngayo izinwele. (2)

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

ISIQEPHU B: UKUFINGQA

UMBUZO 2

UKUFINGQA KUMELE KUMAKWE NGALE NDLELA:

Ukwabiwa Kwamamaki:

- Amaphuzu ayi-7- Amamaki ayi-7.
- Ulimi- Amamaki ama-3.
- Amamaki Esewonke: [10]

Ukwabiwa kwamamaki uma abafundi bengacaphunile okusesiqeshini:

- Iphuzu eli-1 kuya kwama-3: imaki eli-1
- Amaphuzu ama-4 kuya kwa-5: amamaki ama-2
- Amaphuzu ayi-6 kuya kwayi-7: amamaki ama-3

Ukwabiwa kwamamaki uma abafundi becaphune okusesiqeshini:

- Ukucaphuna amaphuzu ayi-6 kuya kwayi-7: awekho amamaki olimi
- Ukucaphuna iphuzu eli-1 kuya kwama-5: imaki eli-1 lolimi

Ukubalwa kwamagama:

- Abamakayo kulindeleke ukuthi babale inani lamagama asetshenzisiwe.
- Awekho amamaki asuswayo uma umfundi engalibhalanga inani lamagama asetshenzisiwe noma elibhalile kodwa kungesilona.
- Uma inani lamagama asetshenzisiwe leqiwe, omakayo kumele afunde amagama amahlanu ngaphezu kwesibalo esinqunyiwe angabe esakunaka okunye okuza emva kwalokho. Indaba efingqwe ngamagama angaphansi kwenani elibekelwe ibe inawo wonke amaphuzu abalulekile ayiphucwa amamaki.

Amaphuzu angabhekwa:

1	Ukubonga abazali ngakho konke abasenzela khona.
2	Ukubonga abantu abasingatha uma sinemicimbi yenjabulo noma yobuhlungu.
3	Ukubonga lapho umuntu enconywa.
4	Ukubonga kwabashayeli emgwaqweni.
5	Ukubonga lapho umuntu ekumemile, nokubonga ukufika kwabantu abamenyiwe.
6	Ukubonga okwenziwa ababhali bezincwadi ngokuphumelela kwezincwadi zabo.
7	Ukubonga uMdali ngesipho sempilo.

AMAMAKI ESIQEPHU B: 10

ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI**INDLELA YOKUMAKA:****1. ISIPELINGI/UBHALOMAGAMA:**

- Izimpendulo eziyigama elilodwa azinikezwe amamaki noma kunephutha ekubhalweni kwegama ngaphandle uma kushintsha umqondo wegama.
- Uma izimpendulo zingumusho ophelele; abafundi mabaphucwe amamaki uma iphutha liphathelene nokusetshenziswa kolimi.
- Uma impendulo ifuna izifinyezo; makusetshenziswe uphawu olufanele lokubhala/lokuloba.

2. Ukwakhiwa kwemisho makwenziwe ngendlela kusetshenziswe ulimi olufanele kulandelwe imiyalelo yombuzo.

3. Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwazinikiwe; uyawathola amamaki uma ebhale impendulo ephelele kanje: A. Uthoko noma A(okuwuhlamvu oluphelele)

UMBUZO 3

3.1 Ukuheha/ukugqamisa/ukukhombisa okukhangiswayo/yigama lokukhangiswayo (1)

3.2 Okubili kwalokhu:
Umuzi one –Wi-Fi.
Amakamelo okulala anezindlu zangasese.
Ikamelo elikhulu lokuphumula eline-DStv.
Indawo yokuzivocavoca.
Indawo yokubhukuda.
Isidlo sasekuseni. (2)

3.3 B/Ukwenza samuntu. (1)

3.4 Angeke uphinde ulale kwenye indawo uma uke walala eMajuba Guesthouse. (2)

3.5 Isidlo esimnandi kakhulu/ukudla okumnandi kakhulu. (2)

3.6 Izimpendulo ziyokwehluka. Okubili kwalokhu.
Kungumqondo omuhle ngoba kukhona abantu abathanda ukuphumula ezindaweni ezingenawo umsindo wedolobha.
Kukhona abantu abathanda imvelo nezindawo ezisemaphandleni.
Akusiwona umqondo omuhle

ukuphindela emuva ekhaya uma uvakashele indawo ekude.
(nokunye okunembayo)

(2)

[10]

UMBUZO 4

- 4.1 Itekisi/ikhumbi/imoto ethutha abantu (1)
- 4.2 Indaba ethi kukhona inyoka evele iqhamuke emgwaqweni igwinye izimoto. (2)
- 4.3 Hawu! Amanga kulo mama. (2)
- 4.4 B/Engakholakali. (1)
- 4.5 Angadala ingozi ngokushayisa umuntu/ezinye izimoto/izigxobo/imizi.
Ingagingqika kulimale/kushone abagibeli.
(nokunye okunembayo) (2)
- 4.6 Ubuso babo bukhombisa; ukwethuka/ukumangala/ukusaba/ukungakholwa
into abayizwayo. (2)
- [10]**

UMBUZO 5

- 5.1
- 5.1.1 njll. (1)
- 5.1.2 Ehlathini. (1)
- 5.1.3 D/Umuntu ozakhela udumo ngezenzo zakhe ezinhle. (1)
- 5.1.4 Abantu bayalesaba ibhubesi **ngoba** liyingozi kakhulu
(Uma umfundi ebhale isihlanganiso kuphela uzonikwa imaki elilodwa) (2)
- 5.1.5 Yophonjwana. (1)
- 5.1.6 Indlovu ithandwa abantu abaningi./ Indlovu abantu abaningi bayayithanda. (2)
- 5.1.7 USipho uthi: 'Namhlanje ngizoxoxela izivakashi nge-Big Five.'/
'Namhlanje ngizoxoxela izivakashi nge-Big Five,' kusho uSipho. (2)
- 5.1.8 Imisho iyokwehluka kodwa makuvele umqondo wokulandelayo.
Isibonelo:
Ubaba unesithunzi, bayabaleka abangani bami uma eqhamuka. (2)
- 5.1.9 Isingathekiso. (2)
- 5.2**
- 5.2.1 Umuzwa wothando. (1)
- 5.2.2 Ukucwasa ngokobuhlanga/ngokwebala/ngokobuzwe (1)

- 5.2.3 Okubili kwalokhu:
Ukuthola abantwana abahle/ukuthola izingane.
Ukuba nobudlelwane obuhle nomndeni wakubo kaBetty.
Ukuhlala baze bahlukaniswe ukufa. (2)
- 5.2.4 Umbono. Abanye bayehlukanisa umshado ungabe usaba yimpumelelo. (2)
[20]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 40
AMAMAKI ESEWONKE: 80